

**Ukuqokelwa Ukuba YiLungu Lekomidi Elibhekelele
Ukuhlonishwa Kokufunda Okwenzeke Phambilini :
Ezokwelapha Kwendabuko Nokusebenza Kwazo**

Abaqokiwe ukumela Izinhlango, Imiphakathi kanye noma Namaqembu asemkhakheni wezokwelapha kwezendabuko-ngqo bayaziswa ngokuqala kohlelo lokuqokwa kweKomidi Eliqokiwe Elibhekelele Ukufunda Okwenzeke Phambilini

Isimemo Sokuqokwa Kwamalungu

INyuvesi YaKwaZulu-Natal ibambisene noMnyango wezeSayensi NobuChwepheshe bamema ukuphakanyiswa kwamagama abantu abazoqokelwa eKomidini Elibhekelele Ukuhlonishwa Kokufunda Okwenzeka Phambilini. Umsebenzi weKomimdi ukuqala lihlale ukusebenza kohlelo kubeLaphi Bendabuko abasebenza esifundazweni saKwaZulu-Natal kusetshenziswa izinhlaka ezibekiwe ezihambelana namazinga abekiwe olwazi oludingekayo nezimiso zakhona. Ikomidi lizokwenza lo msebenzi. Leli komidi lizosebenza ngokwezimiso elibekelwe zona kuze kufike isiphetho sohlelo. Lolu hlelo luzoqhubeka luhlolwe iminyaka emithathu.

Isendlalelo

Isahluko 3.3 seNqubomgomo YoHlelo LoLwazi LwezeNdabuko sihlizeka ngethuba lokuhlala ukuhlonishwa kwabanolwazi lwendabuko ngaphansi kwezimiso zoHlaka Lukazwelonke i-NQF. Siphinde sikhombe indlela okusebenza ngayo ihhovisi lezohlelo lolwazi lwezendabuko i-NIKSO elingaphansi koMnyango WezeSayensi NobuChwepheshe ukuze libhekane neminxa yolwazi lwezendabuko engeyona ingxenye yokuhlinzekelwe yi-NQF.

Ngokubambisana nabasebenza ngezolwazi lwezendabuko esifundazweni, i-DST eminyakeni eyisithupha, isilekelele ukuthuthukiswa kohlaka lokulawulwa kwezokuhlonishwa kokufunda okwenzeke phambilini kwabanolwazi lwezokwelapha lwezendabuko. Okulandelwe ukuthuthukiswa kwamazinga olwazi eminxeni emine yezokwelapha kwezendabuko: abathandazi, osomakhambi, ababelethisayo nabahlinzayo okwenziwe iqembu elibunjwe yi-DST ezifundazweni zaKwaZulu-Natal, e-North West naseLimpopo. La mazinga olwazi athuthukiswe abalaphi bendabuko akubhekile nokunqindeka kwezigaba zendabuko kwezempilo ngaphansi komthetho i-THP Act No 22 wangonyaka wezi-2007. Lo Mthetho uhlinzekela lokhu okulandelayo:

- Ukusungulwa koHlaka Olulawulayo ukuze kuqinisekise ukusebenza kahle, ukuphepha kanye nezingabunjalo lokunakekelwa ngokwezempilo kwezendabuko;
- Ukuhlinzeka ngezokuphathwa nokulawulwa kwezinhlelo zokubhaliswa kwalemisebenzi; kanye
- Ukuqeqeshwa nokuziphatha kwabelaphi nabafundi.

Ukwakheka KweKomidi elilawula Ukuhlonishwa Kokufunda Kwaphambilini

Ikomidi lizoba namalungu ayishumi nanye (11). Umgomonqgangi olawula ukwakheka kwekomidi uzosukela ezigabeni zamazinga olwazi esezithuthukisiwe.

Ukulungela Ukuqokwa

Abaqokiwe kumele bakhombise amakhono asekela, aqinisekise futhi avikele isithunzi Somkhakha.¹.

¹ Iqembu labantu abanokuqonda okufanayo mayelana nezindlela zokwenza zomunxa othize, ubuciko noma umsebenzi, okuziguqelayo kukodwa noma okwakheka kususelwa ekuxhumaneni kwabantu nohlelo lokufunda njengeqembu engxenyeni ethize yempilo yabantu.

Ukulungela Ukugokeka

Izinhlango, Imiphakathi, noma Amaqembu kumele aqinisekise ukuthi abaqokiwe banobungoti obunzulu kwezokwelapha ngokwesintu olukhombisa ulwazi, amakhono namava kulemikhakha elandelayo:

Ulwazi NeKhono

1. **Ulwazi Lomsebenzi:** *Ulwazi lwezindlela nobungoti bokwelapha ngokwesintu (isibonelo amazinga nezindlela ezamukelekile eziyingxenye yohlelo)*
2. Ulwazi lwezinsiza zokwelapha ngokwesiNguni, izimo ezisetshenziswa ngaphansi kwazo noma izindlelakwenza nokunye okwenziwayo okuxhumene nokwelapha, okuhlanganisa:
 - Izinhlalo nokusebenza kwazo;
 - Izinhlalo zezinsiza zokwelapha ngokwesiNguni izimo ezisetshenziswa ngaphansi kwazo nezindlelakwenza okuhlanganisa nobucayi bazo, ubuchwepheshe (lapho bukhona), kanye nohlelwa kobungcuphe ngezigaba zabo;
 - Inhlanzeko, ukuphepha nobungcuphe bezinsiza zokwelapha, izimo okusetshenzwa ngaphansi kwazo noma izindlelakwenza; kanye
 - Izinhlalo nobuchwepheshe obusetshenziswa kwezokwelapha ngokwesiNguni.
3. Umuntu onesipiliyoni (okungenani iminyaka eyi-15 usebenza kulo mkhakha) – ubungoti emkhakheni ngqo nokuqonda ngeminye imikhakha emibili (i.e. Inyanga, iSangoma, umsoki, ukubelethisa).
4. Kumele abe nokuqonda okufanele ngezinhlelo zendabuko zokwelapha zezinye izizwe zaseNingizimu Afrika.
5. Kumele abe nokuqonda ngemithetho yezwe ikakhulukazi kwegxile kwezokwelapha kwendabuko, izinqubomgomo nemigomo.
6. Kumele abe yilungu eliphelele enhlanganweni yakhe noma emphakathini ahlala kuwo.

Ikhono Nolwazi:

1. **Ikhono Lokuxhumana Nabantu:** Ukusungula nokunakekela ubudlelwano obuhle bokusebenza namaqembu abantu abahlukene. Ikhono lolwazi lokusebenza ngokuyimpumelelo njengengxenye yeqembu ngisikhathi sokuhlolwa. Ukuhlonipha nokubheka okubekwa yizinhlelo ezihlukene.
2. **Ubuqotho:** *Ukuziphatha ngendlela elawulwa yinqubonhle nendlelakuziphatha; ukukhetha indlela elawulwa yinqubonhle nokwenza okufanele,* ngisho ngabe kunokuphikisayo; ukugqugquzela abanye ukuthi baziphathe ngendlela efanele. Ukuphatha abanye ngendlela enobuqotho, iqiniso, nenhlonipho; othatha izinqumo ezingachemile futhi ezikhombisa ukuphathwa kwabanye ngendlela efanele. Ukuzibophezela ekufezweni kwezimpokophelo zomsebenzi ngesikhathi esamukelekile.; ukwamukela imiphumela yezinqumo nezenzo nezeqembu; ukuphokophela ukufunda emaphutheni.
3. **Uzwelo:** Ukukhombisa uzwelo (Ubuntu).
4. **Ukuzimisela:** Ukuphikelela nokugxila ekufezweni kwezinhloso.
5. **Ukuqonda:** Ukubona nokuqonda izimo.

6. **Ukubhekisisa:** Ukuhlala ubhekisisa okukuzungezile² nokwenzekayo³ okuholwa imimoya⁴
7. **Ukukhambisana Nesimo Esiguqukayo:** Ukukhombisa ulwazi lokusebenzisa ubulula, ukuzihlela kabusha nokuphatha isimo ngendlela efanele.
8. **Ukuxhumana:** Ukubeka noma ukwethula imibono ngokukhuluma noma ngokubhala (uma kwenzeka noma kunesidingo), ngendlela ecacile, enembayo, ezwakalayo futhi elandelekayo, uma kubhekwa okubhekiswe kubo lokhu kuxhumana. Unekhono lokusebenzisa ulimi (izilimi) futhi ulusebenzisa ngendlela efanele; ukulalelisisa; ukubuza imibuzo ecacisayo nokufingqa inkulumo yabanye ukuze kubonakale ukuqonda.
9. **Ukuzithuthukisa:** Ukuzimisela ukufunda nokuthuthuka emkhakheni wakho nangaphandle kwawo
10. **Ukucubungula Nokuhlaziya:** Ukufuna ulwazi olufanele, oluthembekile noluwusizo oluzosetshenziswa ekuxazululeni izinkinga nokuthatha izinqumo. Ukusebenzisa indlelakucabanga eqondile ukuhlonza okuhle nokuyinselelo, ezinye izixazululo, izinqumo nezindlela zokubhekana nesimo. Ukusebenzisa indlela yokucabanga ukuze kuhlaziywe, kuqhathaniswe futhi kutolikwe ulwazi kanye nokuthathwa kwezinqumo.
11. **Ubuqiniso:** Ukuhlola izimo ngendlela ehlelekile nokungagugquzelwa yizimfuno zakho noma ukugugquzelwa abanye ekuthathweni kwezinqumo.

Okungaholela Ekuhoxisweni:

Umuntu uyohoxiswa ekubeni yilungu lekomidi uma lowo muntu:

- Engesona isakhamuzi noma ehlala ngokuphelele eNingizimu Afrika.
- Uma esusiwe esikhundleni somkhakha⁵ ngenxa yokungaziphathi ngendlela, isibonelo ukuziphatha ngendlela ephula umthetho wokuziphatha.

Ukufakwa Kwamafomu Okuqokwa

Ukuqokwa (ngokwemibhalo noma ngogesi) kumele kuthunyelwe kuSolwazi Kaya kulelikheli:

I-imeyili: masingaz@ukzn.ac.za

Ikheli: University of KwaZulu-Natal; Westville campus, B-Block, Library; Ground floor (IKS Centre)– Room: B23; marked for the attention of the Professor. Hassan Kaya, Director, DST-NRF Centre in Indigenous Knowledge Systems, University of KwaZulu-Natal. Kumele kube nalokhu okulandelayo:

- a) Ifomu eligcwaliswe ngokugcwele;
- b) Incwadi efakaza ngoqokwayo ebhalwe abahola umphakathi/ abaphethe,

² Kusho ingqalasizinda nokuhleleka kwayo

³ Kusho ukuxhumana ngokungakhulumi, njll.

⁴ Kusho ukuholwa imiMoya

⁵ Kusho uMkhakha

- c) Incwadi ebhalwe ababeqeqeshe oqokwayo;
- d) Incwadi ebhalwe yinhlangano yakho
- e) Umlando woqokwayo ocacisa ngobungoti bakhe neminye imininingwane echaza ukuthi kungani efanelekile ngokwezidingo zeKomidi Elilawula Ukuhlonishwa Kokufunda Kwangaphambilini.

Ukuhoxiswa kwesicelo sokuqokwa

Ukuqokwa kuyohoxiswa ngaphansi kwalemibandela elandelayo:

- Ukufakwa kwesicelo emva kwesikhathi.
- Izicelo ezithunyelwe ekhelini elingafanele.
- Izicelo ezingahambelani nezimiso njengoba zibekwe embhalweni wesimemo sokuqoka.

I-UKZN ne-DST Banelungelo lokwenza lalokhu:

- Ukuhlehlisa usuku lokuvala.
- Ukucela ubufakazi obubhaliwe mayelana nanoma yiluphi udaba.
- Ukuqeda noma ukuhoxisa ingxenye yalesi simemo sokuqoka noma sona sonke.

NB: Kuyobhalelwa labo abaqokwe uNgqongqoshe WoMnyango WezeSayensi Nobuchwepheshe.

Eminye imibuzo ingathunyelwa kuNkz Zodwa Masinga lapha:

Nkz Zodwa Masinga
 University of KwaZulu Natal
 Westville campus, B-Block, Library
 Ground floor (IKS Centre) – Room: B23
 ucingo: 031 260 7328
 I-Imeyili: Masingaz@ukzn.ac.za

Ukuziqhelelanisa

I-UKZN ne-DST ayiqinisekisi, ayidlulisi zikhalo, ayenzi zethembiso, ayiqinisekisi ukufezeka noma ukuvumela abafake izicelo mayelana nalokhu kumenywa kokuqoka, kungaba okuthintene nokunemba, ukuphelela kwaso noma yikuphi okunye futhi i- KZN ne-DST ababophezekile kofaka isicelo nanoma ubani omunye othintekayo.

Ukuqokelwa Ukuba YiLungu Lekomidi Elibhekelele Ukuhlonishwa Kokufunda Okwenzeke Phambilini : Ezokwelapha Kwendabuko Nokusebenza Kwazo

UKUPHAKANYISWA KOQOKWAYO

Ngqiqoka u-(bhala amagama agcwele oqokwayo nesibongo sakhe)

.....
Njengophakanyiswayo ukuze akhethwe uNgqongqoshe WezeSayensi NobuChwepheshe njengelungu LeKomidi Elibhekelele Ukuhlonishwa Kokufunda Okwenzeke Phambilini Kwezokwelapha.

.....
Ukusayina koqokayo

.....
Usuku

.....
Ufakazi

.....
Usuku

UKUFUNGA KOWAMUKELA UKUQOKWA

Mina (bhala amagama agcwele oqokwayo nesibongo sakhe)

.....
Ngiyafunga ukuthi ngimele umkhakha othintekayo futhi ngiyisakhamuzi saseNingizimu Afrika (bhala ikheli eliphelele lalapho uhlala khona nenombolo yocingo)

.....
Ukusayina koqokwayo

.....
Usuku

1. Amagama oqokwayo njengoba ebhalwe kumazisi	Amagama		Isibongo	
2. Inombolo kamazisi				
3. Ikheli Lalapho uhlala khona & Inombolo Yocingo	Imeyili (uma kunesidingo):			
	Ucingo/Iselula		Ikhodi	
4. Ikheli Leposi (uma lihluke kwelibhalwe ngenhla)				
			Ikhodi	
5. Umkhakha Osebenza kuwo	Isangoma			

<i>(Beka uphawu u-X)</i>	Inyanga/Ugedla	
	Umbelethisi	
	Umsoki/ Ingcibi	
6. Iminyaka osuyisebenzile kanye neminyaka usebenza endaweni osebenzela kuyo		Indawo yokusebenzela:
7. Uyilungu lenhlangano yabelaphi?	<u>YEBO</u> noma CHA	Uma uthi YEBO, sicela usinike imininingwane yenhlangano.
8. Sicela usitshele kafushane ngolwazi nobungoti onabo kulo Mkhakha(sebenzisa okubhalwe ngaphansi kokulungela ukuqokeka asimemweni sokuqokwa)	<ul style="list-style-type: none"> • Ukuqonda ngoHlaka Lwemithetho eLawula uMkhakha: 	
	<ul style="list-style-type: none"> • Ukuqonda ngemithetho yezwe ikakhulukazi leyo mithetho ephathelene nezokwelapha zendabuko. 	
	<ul style="list-style-type: none"> • Ulwazi lobuchwepheshe obusetshenziswa emkhakheni, Ulwazi lwezinsiza, izimo ezisetshenziswa ngaphansi kwazo noma izindlelakwenza nokunye okwenziwayo okuxhumene nokwelapha: 	
	<ul style="list-style-type: none"> • Ukuqonda ngezindlela zokwelapha zezinye izizwe ezingaphakathi eNingizimu Afrika. 	
	7. Umuntu onomlando (okungenani iminyaka eyi-15 usebenza kulo mkhakha) kubalwa Inyanga, iSangoma, umsoki , ukubelethisa). – ubungoti emkhakheni ngqo nokuqonda ngeminye iminxaxaxa emibili kulo mkhakha	
<ul style="list-style-type: none"> • Ube yilingu eliphelele enhlanganweni/emphakathini ohlala kuwo. 		